IBhayibheli—Incwadi Evela KuNkulunkulu (Ingxenye 1)

Sisekelwe esahlukweni 2 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* iyatholakala engosini ethi jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola ukuthi yini efundiswa yiBhayibheli, futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

INGABE IBHAYIBHELI LIVELA KUNKULUNKULU NGEMPELA?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye abantu bengase bangavumi? .....

.....

Kungani abanye bengase bavume? .....

.....

Yini *wena* oyikholelwayo? .....

.....

Kungani ukukholelwa lokho? .....

.....

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

IBhayibheli labhalwa abantu, kodwa liqukethe imiqondo kaNkulunkulu.
(Bheka isahluko 2 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 1-5.)

Funda eyesi-2 Thimothewu 3:16 neyesi-2 Petru 1:21.

Ucabanga ukuthi isho ukuthini uma ithi abalobi beBhayibheli “bakhuluma okuvela kuNkulunkulu”?

.....

.....

.....

Ungakufanekisa kanjani ukuthi abalobi beBhayibheli babhala imiqondo kaJehova, hhayi eyabo?

.....

.....

.....

Unobhala angase abhale incwadi, kodwa lokho akubhalayo kuvela kumuntu omthumile. Ngokufanayo, iBhayibheli lalotshwa abantu, kodwa lokho abakuloba kwakuvela kuNkulunkulu

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

IBhayibheli linembile ngokwesayensi nangokomlando.

(Bheka isahluko 2 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 6-9.)

Funda uJobe 26:7 no-Isaya 40:22.

Le miBhalo ikubonisa kanjani ukuthi iBhayibheli liqukethe ukwaziswa okwalotshwa esikhathini eside ngaphambi kokuba kwenzeke?

.....

.....

.....

Funda uNumeri 20:2-12.

Ucabanga ukuthi kwakulula ukuba uMose abhale ngamaphutha akhe eBhayibhelini? Kungani kunjalo, noma kungani kungenjalo?

.....

.....

.....

Isiphi isici sokunemba kweBhayibheli *wena* esikuhlaba umxhwele kakhulu*?*

.....

.....

.....

Kukwenza uzizwe kanjani ukwazi ukuthi uJehova usinike lesi sipho esiyigugu kangaka esiyiZwi lakhe, iBhayibheli?

.....

.....

.....

.....

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA OTHILE ETHI . . .

IBhayibheli lalotshwa abantu.

UNGASE UPHENDULE NGOKUTHI . . .

Kuyiqiniso lokho—cishe lalotshwa ababhali abangu-40 abahlukahlukene. Kodwa ngikholelwa ukuthi lokho abakuloba kwakuyimiqondo kaNkulunkulu ngempela ngoba . . .

.....

.....

Imuphi umBhalo ongawufundela lowo muntu?

.....

Kungani uwuthanda ngokukhethekile lowo mBhalo?

.....

UMA OTHILE ETHI . . .

Sekuyisikhathi eside kakhulu iBhayibheli lalotshwa, asisakwazi ukulethemba ngempela.

UNGASE UPHENDULE NGOKUTHI . . .

Abantu abaningi bangase bahambisane nalowo mbono. Kodwa mina engikukholelwayo kuhlukile ngoba . . .

.....

.....

Imuphi umBhalo ongawufundela lowo muntu?

.....

Kungani uthanda lowo mBhalo ngokukhethekile?

.....

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania